

PULA IMVULA

>> GROWING FOOD >> GROWING PEOPLE >> GROWING PROSPERITY >>



UNOVEMBA
2016

Gcina amarekhodi emvula ukunciphisa ubungozi

Incwadi yeGrain SA
yabalimi abasakhulayo

Funda Ngaphakathi:

Okunye kwemicabango yokuqala engqondweni yomlimi ekuqaleni kolu-nye usuku epulazini ukuthi kazi isimo sezulu siza nani namuhla. Eminyakeni eminingi abalimi babethembela kusibikezelu sezulu sangayizolo ebusuku futhi ngaleso sikhathi ezinye izimpawu ezifana nokuheleza 'komoya wemvula' esigodini olima kuso nesimo sezulu noma i-Cape South East iheleza noma ingahelezi.

Kulezi zinsuku maningi ama-satelite esimo sezulu afakwe phezu kwethu njengoba luluningi ulwazi nedatha ekhona kunangesikhathi ese-dlule, amaphethini aqagulwa njengamanje nahlambuselwe kanye nemvula etholakele. Ezweni lonke, amarekhodi emvula yezigodi nezifunda atholakala kalula ku-inthanethi njengoba kuyinhlawumbiselo zemvula ngokwamazinge esifunsa emavikini amanini angaphambili. Ama-smart phones angasetshenziswa ukufinyelela kusimo sezulu noma amaphrogramu akunika imibiko mayelana nokuqagulwa kwemvula yamanje nsukuzonke.

Imvula etholakele, ukuyonga nokuyise-benzisa ngobuhlakanis umswakama ngokunye kwamafektha abalulekile okungaba nomthelela wempumelelo ngasohlangothini lwezimali noma ukwehluleka kwakho ukusebenza kwe-zolimo.

Ukushaya emhlolweni kokubikezelu sekungcono kakhulu kule minyaka. Kepha, izibikezelu ngeke ziqonde ngqo lapho ipulazi lakho likhona. I-micro topography esigodini sakho futhi nakho kungaba nomthelela noma ipulazi elinjalo lingawela endaweni egobhозela amanzi noma isithunzi semvula.

Ukurekhoda kwsikhathi eside imvula etholakela epulazini ngalinye nama-microclimate

04 | Yiba nenkambo elungle
bese udlondlobala

07 | Phatha kahle iminyaka emihle

08 | I-Grain SA i-inthavywe...
uThulani Mbele



Lihale likhona ithemba nesethembiso semvula.
(Isithombe sithwetshulwe ngu-Johan Kriel)





UGOGO JANE UTHI...

Njengabalimi, sibone unyaka onzima kakhlulu – seyisikhathi sokutshala futhi sinethemba ngempela lokuthi lo kuzoba unyaka wemvula ekahle nezilimo ezinhle. Uma sonke siqhubeka nokusebenza kanzima futhi senze okufanele, uma selina izulu nizokwazi ukuhlomula kule sizini. Khumbula ukwenza into efanele ngesikhathi esifanele nawe uzozuza.

Ama-input amaningi okukhiqiza e-Jobs Fund Project adilivwe ngo-Oktoba – besishabasheka sidiliva i-lime ukuze abalimi bezoyendlala ngesikhathi. Umlimi ngamunye wathatha ithani elilodwa le-lime walihambisa ensimini yakhe. Lokhu kuyasinda futhi kuyakhathalisa – kepha ukubaluleka kwe-lime enhlabathini ene-pH ephansi angazi kungagcizelwa ngandelelani – isilimo ngeke siwuthole umanyolo uma inhlabathi inesimuncu kakhulu. Ukwazi i-pH yenhlabathi yakho kubaluleke kakhulu empumelelweni yakho njengomlimi wezilimo.

Ngeshwa, ngenxa yesomiso, baningi abalimi abangakwazi ukubhadala imalimboleko yokukhiqiza ngesizini edlule. Izikhungo ezibolekisa ngemali zi-yakuqondisisa lokhu futhi uma bengakwazi, bayafisa ukuphinda basize. Kepha, kubalulekile ukubeka yonke into obala phambi kwabakuboleka imali – ungazami ukuyigodla imali onayo, futhi ungadilivi ngegama lomunye umuntu. Siyazi ukuthi uayidinga imali, ukuqamba amanga akuyona indlela efanele uma uhlela ukuba umlimi. Kufanele uziibe obala izilimo zakho nemali yakho yonke kubaxhasi bakho ngemali – bazofuna ukukwese ka uma bebona ukuthi unequiniso. Uma benongabazane ngokwethembeka kwakho nequiniso, ngeke bayihambe nawe le ndlela futhi uzozithola ukwenkulu inkinga.

Kule sizini, uma nonke ningaphindela emuva futhi niyokwenza lezo zinto ezifanele – khumbula ukulungisa umhlabathi wakho futhi ungaluvumeli ukhula luncintisane nesilimo sakho; tshala i-cultivar nge-population efanele indawo yakho; sebenzisa umanyolo ofanele nge-application rate efanele – uma uzenza zonke lezi zinto uzoba sethubeni elihle lokuthola isivuno esihle. Sizothola ukuthi abanye abalimi bezama ukusebenzisa ama-input emhlabathini omkhulu – kungcono ukutshala indawo encane nakho lokho kwensiwe kahle kakhulu, kunokutshala indawo enkulu bese unciphisa ama-input. Yonke into inama-rate amahle.

Uma uneshwa futhi kudingeka usebenzise osonkontileka – kuzonisiza nonke nina enisebenzayo uma besebenza ukuze niqinisekise ukuthi basebenze ngokufanele. Kubiza kakhulu ukusebenzisa osonkontileka nawe kufanele uqikelele ukuba uthola ivelu efanele imali yakho.

Nibe nenhlanhla enhle kule sizini – sizoqhubeka nokuthandazela imvula!

Gcina amarekhodi emvula ukunciphisa ubungozi

Ithebula 1: Ishidi ledatha yemvula uqobo.

2016 Rainfall data sheet							
Day of Month	Jan	Feb	March	April	May	June	July
1							
2							
3							
4							
5							
6							
7							
8							
9							
10							
11							
12							
13							
14							
15							
16							
17							
18							
19							
20							
21							
22							
23							
24							
25							
26							
27							
28							
29							
30							
31							

- Record rainfall each day at the same time
- Record to the nearest 1/100th or 0,01
- If precipitation is less than 0,01 record “t” for trace
- If the precipitation is snow or freezing rain, melt the accumulation in the rain gauge and record as liquid
- Use the remarks column to list any unusual or severe weather

ahlukene alapho nasezinhlotsheni ezechlukene zamablokhi enhlabathi emhlabathini kubalulekile. Le datha izokwenza umlimi noma ithimba eliphe-the ukuba likwazi ukwenza umlimi noma ithimba eliphethethe likwazi ukuqhubea neminingwane nohlelo lokukhiqiza oluqondile kanye nokucubungula ubungozi emisebenzini yakho yokulima.

Ukurekhoda imvula yakho

Impahla edingekayo ukuqala kungaba yiyunithi yesikali seplastiki esiyindilinga ngaphansi esicijile ngaphezulu phecelezi *conically* esinesibambo, noma *i-better still*, izibambo zokusansimbi ezindala ngenkomishi yengilazi ehleliwe enezinombolo ngaphakathi ukuze ikale kahle isiteshi sesimo sezulu. Umuntu angabeka lolu hlobo Iweplastiki epalini endaweni ngayinye epulazini ukuba kukalwe. Uhlobo Iweplastiki luthanda ukushesha luguge luhlephuke futhi ludabuke ebusika ngezunyanga zasebusiska ezibandayo.

Intu engcono ukuba uzenzela ikhabethel elincane elisansimbi unamathisele kulo amarain gauge noma ubeke kulo konke ne-high low thermometer kanye nendawo yekhasi noma ibhuku kanye ne peni eliboshelwe lapho, kuvikeleke emvuleni. Ngaleylo ndlela kuzoba ngcono ngenkathi ijikeleza emva kwemvula namazinga okushisa nokubanda okuzoqoqwa ekupheleni kwenyanga. Idatha yamazinga okubanda nokushisa ingasetshenziswa ukubala amayunithi okushisa kwangempela okube khona onyakeni othile futhi kuqhathaniswe yesivuno sangempela esitholakele.

Umlimi agagcina ibhuku lokurekhoda amarekhodi ezinsuku zonke kanye namanothi achaza amandla ezeshingishane, isikhathi sezhingishane ezhambisana nokuduma noma izimo zokuna kwezulu jikelele, isichotho esihlasele kanye nakho konke okufanele okubo-

nakele. Le miphumela ungabhalwa ethebuleni kwelinje ikhathi ngaphansi kwenyanga unyaka bese kuqhathaniswa neminingwane yesiteshi sesimo sezulu endaweni noma endaweni yaphambilini noma amarekhodi asemapulazini. Uma uthenga ipulazi noma uqasha umhlabathi kumlimi oasthathe umhlapanshi kuhle ukuba ucele amarekhodi amadala okuna kwezulu ukuze kuqhathaniswe nephethini yokuna kwezulu ozokuthola. La marekhodi angafakwa ku-excel/spreadsheets kwensiwe namagrafu anhlobonhlobo ukukombisa ukuqhathanisa neminyaka eyadlula, ama-avareji esikhathi eside noma idatha yokuna kwezulu yesikhathu eside ezweni. Izindlela zokuhlaziya idatha azipedwa.

Ukusetshenziswa kolwazi

Idatha yemvula eqoqwe isikhathi eside ibaluleka kakhulu ukwedlula idatha eqoqwe ngonyaka owodwa. Ukube siyayiqondisa iyisayensi yangempela nemvula ezotholakala ngesizini elandelayo yikho okubalulekile. Iphethini yemvula ungahlukana njengoba kwenzeka ngonyaka odlule lapho abanye abalimi ebangeni elufushe bathole cishe imvula ephindwe kabili.

Idatha ingasetshenziswa ngezindlela ezingi emhlabathini owomile kanye nabalimi abaniselayo. Amaphethini esikhathi eside angasetshenziswa ukubikezelza ama-runoff okufanele akhongozelwa edamini lepulazi lakho noma kwisistimu yomfula. Amadamu agcwele achaza ukuthi intuthuko yokunisela ingasetshenziswa ngokuphelele ehlobo elizayo noma ngesizini yasebusika. Ezinye izibikezelo eziqondile kanye nezibalo zingenziwa mayelana ne-net yokusettshenziswa kwamanzi atholakala emadamin ukuchibiyela noma ukunisela ngokugcwele.

Abalimi abanemfuyo eningi ngokwemvelo noma abatshale amadlelo noma abanisela ama-

dlelo bangasebenzisa ulwazi iwasikhathi eside benze iplane ye-aplikheshini yamanzi kanye nenani lamadlelo okulindelwe kuwo iprogramu yokucubungula ifoda ekhona.

Kulonyaka Impumalanga neFreystata ibe yeyedlule ngo-125 mm's ngoMeyi, Juni noJuly. Abalimi benhlabathi eyomile bangenza izimbobo zephrofayili ukukala, ngaphansi kwezindlela zabo zokulima, ukuthi ungakanani umswakama owongekile enhlabathini. Kulezi zindawo abalimi, abasebenzisa izindlela eziseqophelweni eliphezulu zokulima, ngapsi noma hhayi ngaphansi kwe-conservation thileji noma cha bangenza iplane lokuba bakwazi ukutshala ngaphansi kwemvula encane kakhulu etholakele ngaphambi kokutshala. Lolu lwazi lungaqeda ingcindezi ebandakanyeka ekuplaneni nasekuqagulen imali ezongeniswa yisilimo somkhiqizo wonyaka ka-2016/2017.

Isiphetho

Ukurekhoda nokwazi amaphethini emvula esikhathi eside ezindaweni ezechlukene noma umhlabathi epulazini lakho kungasize eku-nqumeni ngesilimo esingenisa imali esingaba yimpumelelo noma amanye amabhizinisi ngesikhathi esizayo. Ukwazi amaqiniso kunganciphsa ubungozi ekulimeni kwakho. Ngukufisela inhlahlha ekulimeni kwakho ngesizini ezayo.

I-athikhili ebhalwe umfama osathatha umhlapanshi.

Yiba nenkambo elungile bese udlondlobala

Ziyi-7 izinto ezizosibulala:
Umcebo ongasentshenziwe;
Ubumnandi obenganawo unembeza;
Ulwazi olungenaso isimilo;
Ukholo olungenawo umnikelo;
Ipolitiki enganawo umgomo;
Isayensi enganabo Ubuntu; ne-
Bhizinisi enganayo inkambo!
– Mahatma Gandhi

sifundo esenziwe abafundi base-Iowa States University mayelana nezinkambo zezolimo ngo-2002 saveza kakhulu. Bathola ukuthi: Ama-ethical standards emkhakheni wezolimo abandakanya ama-co-operatives, ama-agribusinesses and farmers, ekwehlile.

Lokhu ku-afektha ezokuthengisa, imivuzo yentngiso, imigomo yokwenza amanani entengo, ukubona abantu benqamula amakhona noku-ziba imikhuba engeko emthethweni. Abantu bathatha amashansi kukho konke kusukela ekungabhadalini intela kuye ekungahloniphini izibophezelo zokubhadala imalimboleko. Abalimi bavuma bathi 'ngesinye isikhathi izwi lomuntu li-

yefana nokusayina inkontileka; manje kufanele yonke uyibhale phansi!'

Kukhona ukudembesela kokuzibophezelajikelele. Uma bebuza: 'Kungani ama-ethical standard ehlile?' Izimpendulo zathi:

- Abalimi namabhizinisi ezolimo angaphansi kwenkulu ingcindezi yokukhombisa inzuso; Lo mkhakha unomncintswano omkhulu ongenayo impilo; ne
- Zikhathi zezomnotho ezinzima epulazini zibe nomthelela wokuguguleka kuma – ethical standard.

Yini 'azinkambo' phecelezi 'ethics'?

Ama-ethics ngamavelu abalulekile noma ijimenti ngalokho okulungileyo nokungalungle – futhi bese wenza okulungile! Ama-ethics anqunywa futhi akhandwe yibhodi/umnikazi webhizinisi noma umlimi.

Ama-ethics kufanele abe ysiqondiso sazo zonke izinqumo ezenziwayo nazo zonke izinyathelo ezithathwa yibhizinisi. Azimi zodwa kodwa zikhanda ngokuqondisisa ukuthi ibhi-

zinisi lisebenza emphakathini obanzi. Nakuba wonke umuntu ezikhethela ngama-ethics, empeleni umphakathi usitshela kahle ukuthi yini **okuhle nokubi okulungile nokungalungle** ngokuvuza nokujezisa ukuziphatha okuthile.

Ama-ethics akhombisa ukujondisisa ukuthi bonke abanikazi bamabhizinbisi banokuzibophezelu kwezenhhalo ku: 1) abantu abamsebenzelayo; 2) labo enze nabo izinkontileka zebhizinisi nabo; ne-3) ukuphatha ibhizinisi ngendlela yokungalimanzi imvelo okuwukuhlonipha i-ecosystem!

Ama-ethics achaza isimilo

Ikhodi yama-ethics ibeka ngokusobala imithetho yokuphatha ibhizinisi. Uwabeka endaweni futhi uzibophezelu ukuba uphile ngayo futhi uqhubeke ngokuxoxa ngawo nethimba lakho, umndeni nabasebenzi. Endaweni ebanzi yebhizinisi ama-ethics khona axoxwa ngaphansi kwesihloko esinjengo 'Mgomu nenzubo,' kodwa lokhu akuvamile ukwenzeka endaweni eyipulazi ngakho ke njengomnikazi wepulazi noma imennenja ukukhuluma ngama-ethical okuziphatha nomkhuba omuhle webhizinisi. Ukunakekela ama-ethics emsebenzini utshele ithimba lakho nophathina bakho ebhizinisini ukuthi kufanele banze kanjani nokungafanele bakwenze.


Uma ubonakala uzisiza ngandlela thize ekuhlomulisayo ngemikhuba emibi, eyinkohliso, nengalungle ungaqiniseka ukuba abasebenzi bakho nabo ngeke bacabange kabilo ngaphambi kokuba benze okufanayo nakuwena! Ukwenza isibonelo: Uma ifaka udizili wepulazi emontweni yakho uyisebenzisela izidingo eziqondene nawe bese ufaka ikleymi yaleyo dizili kwangathi uyisebenzise ekulimeni, lokho ukungabi nalo iqiniso futhi untshotshela abaxhasa izwe. Noma uma udiliva amasaka ommbila ebhizinisini lomshini

Oyiko kusasa
kuqala ngalokhu
oyiko namuhla!

Pula Imvula's Quote of the Month

*It is no use saying: 'We are doing our best.'
You have got to succeed in doing what is necessary.*

~ Winston Churchill



“Indoda engenayo inkambo elungileyo yisilwane sasendle esizulazulayo lapha enhlabeni!

wokugaya elithenga amasaka angu-75 kg kodwa utshele abasebenzi bakho ukuba bawagcinise ku-71 kg ngalinye, bese ewethula emnyango wesigayo njengamasaka ommbila angu-75 kg, uyamcutha futhi uyamgebenga umnikazi wosmshini wokugaya – nabasebenzi, ngokwazi ukuthi wenze lokhu, bazokwenza okufanayo na-kwena ngokuhamba kwesikhathi!

Ukuziphatha oku-ethical kungaletsha umvuzo obalulekile ebhizinisini

Uma ibhizinisi lidume ngokuphathwa ngoku-ethically, liheha uthando kophathina abanohlonze. Endaweni yokulima lokhu kungaba nama-input supplier, usizo lokuxhaswa ngezimali noma ngisho abahwebi abacabanga ekwenzeni ibhizinisi nawe ngendlela enhle.

Ukhonjisive futhi ukuthi ibhizinisi eliphetwe kahle neli-ethical lenza abasebenzi abajabule ngalokho iyancipha imali yebhizini eya

kubasebenzi bese kwenyuka umkhqizo. Olu-nye uhlangothi lwaloludaba ukuthi noma yikuphi ukuziphatha okungenankambiso ukwenza ukuba ibhizinisi lingabi nomlando omuhle futhi limoshe udumo lomlimi. Umphumela walokhu ukubhidliko kobudlelano nama-stakeholder nophathina bebhizinisi futhi kulahleke inzuko nokuhamba kwesikhathi.

Ama-ethics ebhizinisini lakho lokulima

Ukutesta imikhuba yakho e-ethical, zibuze le mibuzo eyisihlanu elandelayo:

1. Nginga noma ukhona ongathola ukulimala ngenxa yezinqumo noma ngezenzo zami?
2. Ngabe izinqumo noma izenzo zami zingabudala ubuhlungu bemizwa?
3. Ngabe izinqumo/izenzo zami zingalimosha igama, kujivaze isithunzi sami noma kuthunaze ubudlelwano bakho obubalulekile?
4. Ngabe izinqumo/izenzo zingangivimbela ekutheni ngiphumelelise izinhloso zami?
5. Ngizizwa kanjani ngezenzo/ngezinqumo zami uma ngibheka ‘le ndoda esesibukweni’?

Inkondlo Indoda eseSibukweni

Uma uzitholela okufunayo emzabalazweni umhlaba ukwenza inkosi usuku olulodwa, mane uhambe uye esesibukweni uphinde uzibuke futhi ubheke ukuthi le ndoda uzothini. Ngoba aku-

yena ubaba wakho, noma umama wakho, noma unkosikazi wakho ukukwehlulela kwakhe kufanele kwedlule.

Lo muntu osinqumo sakhe sibalwa empilweni yakho yiloni ukubhekile engilazini. Nguye okufanele ajatshuliswe – angabanaki bonke abanye, ngoba unawe, ngokusobala kuze kube sekugcineni...futhi uphase isivivinyo esiyingozi enkulu – uma le ndoda esengilazini ngumngane wakho!

Ungawukohlisa wonke umhlaba kuyoshona le ezansi kuyoyonke leminyaka futhi imbambathwe ehlobme uma wedlula, kodwa umvuzo wakho wokugcina ukunkenketha kwenhnlizyo nezinyembezi –uma ukohhlise le ndoda esengilazini!

Ama-ethics avamile ukuba sendaweni uma izinto zihamba kahle ebhizinisini kodwa yiwo aphuma ngomnyango kuqala ngezikhathi zengcindezi. Khumbula ukuthi uma ubuphila ngokwamazinga aphakeme e-ethical behaviour empilweni yakho nasezivumelwaneni zakho kungcono uzhialele nawe uqobo – futhi uzo-kuma udlondlobale phakathi kwamadoda! ☺

**I-athikhili ibhalwe nguJenny Mathews,
umbali wePula Imvula. Uma ufuna
imininingwane egcwale, thumela
i-imeyili ku-jenjonmat@gmail.com.**

I-Pre-emergent herbicides ahlala ABALULEKILE

Ntwasahlobo isifikile eNingizimu Afrika. Siyethemba ukuthi kulo nyaka izimvula zizofika nezinyanga zasehlobo ezizayo, nokuthi singasishiya emuva isomiso. Iyodwa into esingaba nesiqiniseko ngayo ukuthi uma izimvula zifika ukhula luzolandela masinyane.

Ukhula yisitha sethu sokuqala, luzobe selumi ngomumo futhi selulindlele ukuqhuma ngamandla kunakuqala. Njengabalimi kudingeka sicabangele phambili futhi sikulundele lokhu nge-pulane esizolenza sinqobe isitha sethu, ukhula. Kule athikhili ngizobala ukubaluleka kokulawula ukhula ngaphambi kokumila nangaphambi koku-ba luhkule ngamandla.

Yini i-pre-emergent herbicide?

I-pre-emergent herbicide yikhemikhali efakwa ensimini kusethenziswa ugandaganda ngespray rig noma ngesifafazi sendiza yezilimo. Inhoso yamakhemikhali e-pre-emergent ukunqanda ukuqhuma nokumila kokhula olunenkanai nalolo olusazomila. Akwenza lokhu ngokupahazama isinqubo ze-ezymatic ngesikhathi sokuqhuma ngokwe-biology. Uma ukhula lungaqhumi ngeke lukwazi ukumunca imisebe ye-langa ngakho ke futhi ngeke lukwazi ukukhula.

Isinyathelo sokuqala ohlelweni lweprogramu yokufafaza ukwenza isinqumo ngokuthi isiphi isilimo uzositshala kuphi. Khumbula ukuthi zonke izilimo zehlukene futhi sidinga ukupathwa ngokwehlukile. Ngaphambi kwesizini yokutshala kufanele uthintane nomdayisi wamakhemikhali onolwazi ngama-herbicides asemakethe. Bazochaza imisebenzi yamakhemikhali ahlukene kanye nezindlela ezifanele zokuwa-aplaya. Ama-herbicides ahlukene alawula ukhula olwehlukene yingakho ngesilimo ngasinye kufanele senze iprogramu ngayinye ehlukile.

Amanye amakhemikhali enzelwe ukulawula ukhula olunamacembe abanzi, amanye enzelwa kakhulukazi utshani futhi amanye akhelwe ukulawula ingxube yamahlamu andlalekile notshani. Ngakho-ke, **KUBALULEKE** kakhulu ukwazi ukuthi imaphi amakhemikhali owathengayo aklanyelwe ukubala luphi ukhula. Uma sihlela ukutshala ubhekilanga ngeke sisebenzise ama-pre-emergent herbicide alawula amahlamu andlalekile njengoba ubhekilanga wethu nawo ngeke umile. Endaweni yalokho, uma siplana ukulima ummbila ngeke sisebenzise i-pre-emergence herbicide eyenzelwe ukulawula utshani. Kepha kuhkona okukhishiwyo mayelana nokusethenziswa kwama-geneti-

cally modified seeds. Amanye ama-cultivars awakhelwe ukumelana nobunzima obuthize bamakhemikhali ukuze kwensiwe ngcono ukulawula ukhula. Yingakho kubaluleke kakhu-lu ukuxhumana nochwepheshe emkhakheni wembewu namakhemikhali ngaphambi kokuba unqume ukuthi yini ozoyitshala nokuthi uzosifafaza ngani isilimo ozositshala.

Uma ufafaza i-pre-emergent herbicides, kubalulekile uku-aplaya le khemikhali ngaphambi kokuba kumile kokhula, njengoba isikhathi siyikho konke uma kuza emandleni aloluhlobo lokulawula ukhula. Kubalulekile futhi ukuthi isimo sezulu silungile ekusizeni ukumunceka kwamakhemikhali.

Yisiphi isikhathi esilungele futhi yiziphi izimo zezulu evumelanayo?

Isikhathi soku-aplaya i-pre-emergent herbicide zincike emikhubenai yamathileji owasebenzisa epulazini lakho.

Uma usebenzisa i-conventional tillage, ngaleso sikhathi uzo-aplaya i-herbicide masinyane emva kokuba inhlabathi isilinyiwe, ukuze imbewu yokhula ingalitholi ithuba lokumila. Uma usebenzisa i-no-tillage practices unaqala ngokufafaza insimu nge-'burn-down' herbicide aplikheshini. Lokhu kuzobulala lonke ukhula olumilile. Kufanele ulandele i-pre-emergent herbicide okuzovimbela ukuba lingabi-khona olunye ukhula olungamila.

Kuyo yomibili lemikhuba kufanele uzame ukwenza isifafazo uma likhemezela noma isimo sezulu esimanzi, njengoba lokhu kuzosiza amakhemikhali, ukumunca futhi anamathele enhlabathini uma i-mbewu yokhula iyala, ngakho ke idedela imiphumela emihle.

Ngokhula njengesitha sethu sokuqala, kudingeka senze konke esingakwenza ukululawula ngesikhathi sesizini yokulima. Ngaphandle kokulawula ukhula, sizibeka engozini yokwehla kwesivuno nokuqhubeka kokubhebhethuka kwenkinga yokhula emasi-mini ethu ngokugcwalisa 'ibhang' lembewu enhlabathini yethu. I-Pre-emergent herbicides angelinye lamathuluzi esinawo empini yokulwa nokhula. ●

I-athikhili ibhalwe ngu-Gavin Mathews,
i-Bachelor in Environmental Management.
Uma ufuna iminininingwane egcwele,
thumela i-imeyili ku-gavmat@gmail.com.



Aplaya i-pre-emergence herbicide ngaphambi kokumila kokhula.
(Isithombe sithwetshulwe ngu-Johan Kriel)



Ummbila ukhula kahle lungekho ukhula.
(Isithombe sithwetshulwe ngu-Johan Kriel)



Ithemba lesilimo lokhona, umlimi kudingeka alawule ukhula.
(Isithombe sithwetshulwe ngu-Johan Kriel)

Phatha kahle iminyaka emihle

Kuma athikhili amanangi angaphambili sishilo ukuthi iNingizimu Afrika empele-ni yizwe elomile elinemvula eyi-avareji elinganiselwa ku-495 mm isiyonke ngonyaka.

Sibonile nokuthi leso somiso siyingxene yenda-wo yethu yezoLimo eNingizimu Afrika. Ngakho ke kufanele sithi silima kodwa singakhohlwa ukuthi sizophinda sihlaselwe yisomiso. Kungcono sihlale sizilungiselele kunokuba singazilungiseli.

Ukuthi isomiso esikhona sizoqhubeka noma sizothola isizini yasehlobo ephakathi nendawo kusengakaci okwamanje nemibiko ngalesi sikhathi isaphikisana. Kepha, kuyi-qiniso ukuthi isomiso sizonqamuka esikhathini esithile, kodwa kufanele samukele ukuthi isomiso esilandelayo sisendleleni. Ukuthi sizoqala nini asazi. Noma sizoba unyaka noma emibili noma embalwa kufanele sizilungiselele lokho.

Ukuphatha ibhizinisi lakho kahle kakhulu ukuphatha izindawo zonke – zokukhiqiza, zokumaketha, yokuthenga, ze-administration, ze-human resource, ze-public relation, amasethi nesitoko jikelele kanye nokuphathwa kwezezimali kufanele kube kuhle kakhulu.

Kepha, kuzo zonke izindawo zokuphatha, ukuphatha kwezimali yikho okubaluleke kakhulu mayelana nokuzilungiselela kwakho kwestizini elandelayo. Ukubhekana nezinselelo zebhizinisi lesimo sendawo esiguquka njalo abalimi banamuhla, abakhulu nabancane, kufanele babe wompetha babakhiqizi kodwa futhi babe abaphathi bezimali abaseqophelweni eliphezulu – ngakho ke umphathi webhizinisi onekhono. Kulokhu kutholakale ukuthi ukungaphathwa ngendlela kwemali nokuthathwa kwezinumo yiszathu esibaluleke kakhulu kubalimi abantu-80% abalahlekewa amapulazi abo kepha akuzona izimo ezingagculisi zomkhiqizo wokulima.

Uma ucabanga ngokuphatha kwezimali, kufanele ukhumbula le fomula elula: **I-Profit = I-Income - I-Expenditure (P = I - E)**. Into yokuqala kufanele uphathe kahle imali yakho oyichithayo/izindleko futhi unciphise kakhulu ngaphandle kokuvimbela ibhizinisi lakho. Khumbula ungazilawula izindleko zakho kuphela uma uliphatha ngokwebhajethi ephel-ele. Okwesibili yenza ngono imali engenayo ukuze wenze inzuko yakho ibe ngono.

Izinumo zezezimali ezithathwe ngeminyaka emihle sizokunqumela impelela/isiphe-tho sakho eminyakeni engagculisi. Ngakho ke ungamanie unciphise izikweletu ngeminyaka emihle ngenzuko eyengeziwe eyenziwe. Ungaphinda ucabange ngokusebenzisa inzuko eyengeziwe ukonga ama-resource akho, ezifana noku-aplaya izindlela ezifanele ze-conservation



Izinumo zezezimali ezithathwe eminyakeni emihle zizokunqumela impelela yakho eminyakeni engagculisi. (Isithombe sithwetshulwe ngu-Jurie Menty)

farming ukonga nokwenza ngcono ukuvunda kwenhlabathi yakho, ukonga umswakama oseenhlabathini, ukonga nokwenza ngcono ikhwali-thi yedlelo lakho noma ukhande ibhamge lefoda yakho. Ngeminyaka emihle, okungenani investa zonke izimali ezisele kuma-productive assets – ama-assets angaletha imali – kunama-assets angekho productive.

Abalimi bethu eNingizimu Afrika bathe-mbele kubona uqobo ukuze baphile nango-kwesekwa okuncane okuvela kuhulumeni. Ngakho ke ukuphatha kwakho izimali kubaluleke kakhulu ngesikhathi seminyaka emihle nangeminyaka enzima. Kudingeka uhlale ugxitile ebhizinisi lakho lokulima ngokuphatha njengemenena/umphathi onekhono futhi uzithathe ngokuqaphela nangokucabangisia izinqumo ezimayelana nemali. Lokhu ke kusho ukuthi kufanele ube nolwazi lwezezimali olu-khona kusukela ekubeni nebajethi ephelele.

Usebenzise ukuphatha kwezimali okwenziwe ngono umlimi kufanele amukele konke okwenzekayo epulazini lakhe njengomnikazi wako. Umlimi kufanele azibophezele ngokugcwale futhi agcine ubuqotho kuyena na-kuzo zonke ezinye izingxene ezibandakanyekayo ebhizinisi. Isinyathelo seqiniso kulokhu isibonelo; yenza ngono ukufaneleka ukuni-kezwa isikweletu kubaxhasi ngezimali bakho ngesikhathi seminyaka emihle. Imiphumela izoba ukuthi bazokuba nobubele obukhulu ku-wena ezikhathini ezinzima – bayakwazi ukuthi ungumuntu oyenzayo into ayishilo.

Angalisu iso lakho kwi-cash-flow futhi uyiphathe ngokwebhajethi ye-cash-flow. Cabanga inzuko yebhizinisi lakho njalo. Cabanga ngamatuba e-value-adding. Qaphela futhi izindleko zakho ngesikhathi izinto zisakuhambel kahe futhi uyiphathe njengebhajethi yakho.

Okuhle, uma ucabanga ngale-athikhili, uzothola ukuthi siybhekisa kuzibonakalo esizikhulume kabanzi kuma-athikhili amanangi aphantili. Le athikhili iyisifingqo yama athikhili amanangi angaphambili. Kuphinde futhi kukhombise ukuthi ukuphatha kwezimali akukhona kodwa ukuxhumana phakathi kwezibonakalo zebhizinisi lepulazi, futhi ‘kufaka amafutha emasondweni’ enza ibhizinisi lisabenze ngenkulu impumelelo. Ngaphandle kwe-mali yokuhlangabezana nezidingo zesikhathi esifushane-, esiphakathi nendawo-nesesikhathi eside sebhizinisi yonke into izokuma nse.

Ngakho-ke aplaya ukuphatha okusezigeni eliphezulu futhi ikakhulukazi eku-phathweni kwezimali ngesikhathi seminyaka emihle nasemnyakeni enzima nokuthi uphinde uphile kalula. Noma uphathe iminyaka emihle njengeminyaka enzima ngalokho uzothola ukuthi le minyaka enzima ngempela ngeke ibenzima kakhulu.

I-athikhili ibhalwe ngu-Marius Greyling, umbhali wePula Imvula. Uma ufuna imininiwane egcwale, thumela i-imeyili ku-mariusg@mcgacc.co.za.

Ithimba labahleli

GRAIN SA: BLOEMFONTEIN

Suite 3, Private Bag X11, Brandhof, 9324
7 Collins Street, Arboretum
Bloemfontein
► 08600 47246 ◀
► Fax: 051 430 7574 ◀ www.grainsa.co.za

UMHLELI OMKHULU

Jane McPherson
► 082 854 7171 ◀ jane@grainsa.co.za

**UMHLELI
UKWABA**

Liana Stroebel
► 084 264 1422 ◀ liana@grainsa.co.za

**IMIDWEBO, ISAKHIWO KANYE
NOKUSHICILELA**

Infoworks
► 018 468 2716 ◀ www.infoworks.biz



**IPULA IMVULA IYATHOLAKALA FUTHI
NANGALEZI ZILIMI EZLANDELAYO:**

Isizulu,
Isibhunu, isiNgisi, IsiTswana, IsiSuthu,
IsiSuthu saseNyakatho, nesiXhosa.

**Uhlelo IweGrain SA
LokuThuthukisa amaFama**

ABAQONDISI BENTUTHUKO

Johan Kriel
Free State (Ladybrand)
► 079 497 4294 ◀ johank@grainsa.co.za
► Office: 051 924 1099 ◀ Dimakatso Nyambose

Jerry Mthombohi

Mpumalanga (Nelspruit)
► 084 604 0549 ◀ jerry@grainsa.co.za
► Office: 013 755 4575 ◀ Nonhlahlha Sithole

Jurie Mentz

Mpumalanga/KwaZulu-Natal (Louwsburg)
► 082 354 5749 ◀ jurie@grainsa.co.za
► Office: 034 907 5040 ◀ Sydwell Nkosi

Graeme Engelbrecht

KwaZulu-Natal (Louwsburg)
► 084 582 1697 ◀ graeme@grainsa.co.za
► Office: 034 907 5040 ◀ Sydwell Nkosi

Ian Househam

Eastern Cape (Kokstad)
► 078 791 1004 ◀ ian@grainsa.co.za
► Office: 039 727 5749 ◀ Luthando Diko

Liana Stroebel

Western Cape (Paarl)
► 084 264 1422 ◀ liana@grainsa.co.za
► Office: 012 816 8057 ◀ Hailey Ehrenreich

Du Toit van der Westhuizen

North West (Lichtenburg)
► 082 877 6749 ◀ dutoit@grainsa.co.za
► Office: 012 816 8038 ◀ Lebo Mogatlanyane

Julius Motsoeneng

North West (Taung)
► 076 182 7889 ◀ julius@grainsa.co.za

Sinelizwi Fakade

Mthatha
► 071 519 4192 ◀ sinelizwifakade@grainsa.co.za
► Office: 012 816 8077 ◀ Cwayita Mpotyi

**Articles written by independent writers are
the views of the writer and not of Grain SA.**



I-Grain SA i-inthavywe... uThulani Mbele

Ngo-1995/1996, usizo lokuqeleshwa lwalungandile nalokho kwamphoqa ukuba abuye le eKolishi lezoLimo ayofundela ezolimo. Kwamthatha iminyaka emihlanu ukuphothula i-National Diploma kwezoLimo.

UTHulani waphindela epulazini esegxilile futhi eselungela ukyokwenza impumelelo. Waba nenhlahlha yokuhlangana namanye ama-stakeholders afana ne-Grain SA lapho ethamela khona ama-short courses afana ne-Tractor Maintenance, i-Welding, ama-Crop Production ehlukene kanye ne-Calibration of Planters and Sprayers. Ukuqeleshwa asafisa ukukuthola okuhambelana ne-value adding, i-packaging, kanye nokuqondisisa izimakethe zomhlaba.

Ukuqeleshwa kubaluleke kakhulu ukuze uthole isivuno esiphezulu. Kuyasiza ukninciphisa izindleko nasekukhuphulen i nzunge zindlela eziningi. Ukuqeleshwa kumsize kakhulu kunqubekelaphambili nempumelelo kaThulan. Ngenkathi esiza uyise ezindaweni ezilinywa ngokuhlanganyela, wakhiqizela ukudla kwathi okuncane okwasala wakudayisa. Ngenkathi efika epulazini lakhe waqala ukukhiquiza u-3 t/ha ummbila emhlabathini owo-mile. Ngobuchwepheshe besimanje namuhla sebeyakwazi ukuthola u-5 t/ha wommbila emhlabathini owo-mile.

Kusukela manje uThulani usebenzela ukwandisa. Ipulazi lakhe lisetshenzwa ngokugcwele kodwa ngaphandle kokubeka ama-natural resources ebucayini. Bangathanda ukuthola elinye ipulazi elikhulu ukuze bandise.

Uthando lokumima lumniweza amandla njalo futhi izinselelo uzithatha njengamathuba okuthola izindlela ezintsha. Kuyamthokozisa ukwezama izindlela ezintsha nokomonitha uguquko nomehluko.

Iseluleko uThulani angasinekeza abalimi abasebancane sithi, landela iphupho lakho, ugxile, ugxile, ugxile futhi ungapelelwa yithembu.

**I-athikhili ibhalwe ngu-Graeme Engelbrecht,
i-Development Co-ordinator yakwa-Grain SA
Farmer Development Programme. Um ufuna
imininingwane egcwele, thumela i-imeyili
ku-graeme@grainsa.co.za.**



THIS PUBLICATION IS
MADE POSSIBLE BY THE
CONTRIBUTION OF
THE MAIZE TRUST